*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*USenzo neLanga*
*(Senzo & the Sun)*
Illustrated by Adrie le roux
Written by Sarah McGregor
Designed by Liam Longland
Edited by Elise Varga
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg
on 25 February 2017.

ISBN: 978-1-77623-076-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Ilanga lasekuseni ligqobhoza laphaya kumkhathizwe bese lidlula emaqabungeni, livuse uSenzo.

Iqhude likaGogo lishaya amaphiko alo, lelula intamo yalo bese liyakikilikiga.

**Kiki-li-ki-gi!**



senzo-and-the-sun_interior.indd 7 2020/08/14 00:29

USenzo uyakwazi ukukikilikiga naye.

Kiki-li-ki-gi!



Ngabe uyakwazi wena?

senzo-and-the-sun_interior.indd 8 2020/08/14 00:29



Ilanga liyakhanya futhi lifudumele.
USenzo usekulungele ukuya esikoleni.
Ubamba isandla sikaGogo wakhe.

Umgwaqo uyaphithizela.
Amatekisi adlula eshaya amahutha awo.

**Piip-piip! Piip-piip!**





USenzo uyakwazi ukuhutha naye.

Piip-piip!
Piip-piip!

Ngabe uyakwazi wena?

senzo-and-the-sun_interior.indd 13 2020/08/14 00:29

Ilanga liphezulu esibhakabhakeni. Isikole siphumile futhi abangani bakaSenzo badlala otshanini.

Balula izingalo zabo bese begijima behla egqumeni.

**Weeeeeee! Weeeee!**





USenzo uyakwazi ukugijima naye.

**Weeeeeee! Weeeee!**

Ngabe uyakwazi wena?

Ilanga seliyoshona, nesibhakabhaka sesinombala ogqamile.
Usuku olude seluyashona kanti nesidlo sasebusuku sesidliwe.



senzo-and-the-sun_interior.indd 18 2020/08/14 00:29

UGogo noMama bageza izitsha.

Keqe-Keqe! Keqe-Keqe!




senzo-and-the-sun_interior.indd 19 2020/08/14 00:29

USenzo uyakwazi ukugeza izitsha futhi.

**Keqe-Keqe!**

**Keqe-Keqe!**

Ngabe uyakwazi wena?

Ilanga lingena ngaphansi komkhathizwe,
likhipha izithunzi ezinde.
USenzo usegezile, usuthi futhi ukhathele.
“Sekuyisikhathi sokulala,” kusho uMama.



Usondeza uSenzo eduze bese emshushuzela.
Uyamthulisa.

USenzo uyakwazi ukushushuzela naye?

Shhhhhhhhh,
shhhhhhhhhh.

Ngabe uyakwazi wena?



Ilanga seliwenzile umsebenzi walo wosuku futhi seliyozilahla kunina. Selizimboza ngamafu obumnyama ukuze lifudumale.

**Ilanga liyaphupha.**



USenzo uyakwazi
ukuphupha naye.
Ngabe uyakwazi wena?

senzo-and-the-sun_interior.indd 28 2020/08/14 00:29

